**IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni**

52/2012 Intshumayelo ngesonto 52 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 4. 11. 2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 145/131

2. **Umkhuleko:** Woza, Nkulunkulu Moya oNgcwele, uvule izindleba zethu, nezinhliziyo zethu, usabele ukukholwa yizwi lakho. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseFilipi 1:3-11;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 18:21-35.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 144/130

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lweshlanu lilotshiwe kwabaseRoma 7:14-25, lithi: "*Ngokuba siyazi ukuthi umthetho ungowomoya; kepha mina ngingowenyama, othengisiwe phansi kwesono. Ngokuba engikwenzayo angikuqondi; ngokuba engikwenzayo akusikho lokhu engikuthandayo; kodwa lokho engikuzondazyo, yikho engikwenzayo. Kepha uma ngenza lokho engingakuthandiyo, ngiyawuvumela umthetho ukuthi muhle. Kodwa kalokhu akuseyimi engikwenzayo, kodwa yisono esihlala kimi. Ngokuba ngiyazi ukuthi kimi, kungukuthi enyameni yami, akuhlali okuhle; ngokuba intando ikhona kimi, kodwa ukwenza okuhle akukho, ngokuba okuhle engikuthandayo angikwenzi, kodwa okubi engingakuthandiyo lokho ngiyakwenza. Uma-ke ngenza lokho engingakuthandiyo akuseyimi engenza lokho, kodwa yisono esihlala kimi, ngokuba ngiwenamela umthetho kaNkulunkulu ngokomuntu ongaphakathi, kepha ngibona omunye umthetho ezithweni zami olwayo nomthetho wengqondo yami, ungithumbela emthethweni wesono osezithweni zami. Wo mina-muntu wosizi, ngubani oyakungikhulula kulomzimba wokufa na? Makabongwe uNkulunkulu ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Ngalokho-ke mina ngokwami ngikhonza umthetho kaNkulunkulu ngengqondo kepha umtheho wesono ngenyama.*" Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo eNkosini uJesu Kristu, isahluko sesikhombisa encwadini yakwabaseRoma sifana nendwangu emanzi, esigeza ubuso bethu ukuba sivuke ngokwempela ukuba siqonde iqiniso maqondana nempilo yabantu abangamaKristu, ukuba singazikhohlisi ngokucabanga ukuthi abangamaKristu abasenasono. Abakhuluma ngendlela yobuKristu eyokungathi abangamaKristu bangabanqobi kuphela, bayaphila bengenasono, uma belandela okushiwo ngumthetho kaNkulunkulu. Abanjalo bamelwe ukuhlala phansi ukuba bafunde isahlulo sesikhombisa encwadini yakwabaseRoma.

UPawulu uyaqala kulesahluko ngokukhuluma ngemithetho eqondene nokushadiswa nempilo yabaganene. Inkosikazi egane indoda iboshelwe kuyo, indoda isaphila emhlabeni. Siyazi ukuthi kunjalo, kuthiwa: "owesifazane oganilyeo uboshelwe ngomthetho endodeni isekhona." Kunjalo. Isivumelwano somshado sinamandla, kuze kube munye walababili agoduke. Ngakho lokhu, uma inkosikazi ishiya indoda yayo, iya ukuhlala nenye, kuthiwa kuluphingo. Kodwa uma indoda ingasekho, ikhululekile ukuya ukugana enye. Kusho ukuthi ukufa kwendoda kuyaqeda umthetho ombophelayo kuyo

Yikho okwenzeke kini. Nani nabangabafileyo maqondana nomthetho, nafa kuKristu. Nembelwe naye ngokubhapathizelwa kukho ukufa kwakhe. UNkulunkulu wanquma ngani ukuthi nifilemaqondana nomthetho embhapathizweni. Kanjalo-ke niyafana nowesifazane oshonelwe yindoda yakhe. Nikhululiwe, nikhululewe ukuba nibe ngabakaNkulunkulu ovuse uJesu ekufeni. Nikhululiwe ukuba niphile impilo entšhwa. Nikhululiwe ukuba nithele izithelo ezinhle kuNkulunkulu, njengamagatsha ahlanganisiwe nomvini, onguJesu Kristu.

Kukhona okubili ekuphileni kwethu esingabakaKristu. Kukhona inyama yethu noMoya oNgcwele. Inyama, eyifa elivela kuAdamu, yonakalisiwe ngesono. Isono sisemuntwini. Sifana nesigaxa esiyindlalathi embi, sisemzimbeni, siyabulala. Inyama eyonakalisiwe ngesono, ayikwazi ukuziphulukisa. Isono enyameni yethu siyaveza konke okubi esikubizayo ngokuthi kuyisono, ngisho ukubulalana, ukweba, ukukhuluma amanga, ubufeba nokuphinga, umhaha nobugege, inkonzo yawonkulunkulu mbumbulo, noma, noma. Noma singabahle njengengane esand' ukufika emhlabeni, sesinanyathelwe yisono, esibusa phezu kwenyama yethu esiyitholile kubazali bethu. Sisibophile sibe iziboshwa zokufa. Yilo iqiniso kithina sonke esiyizizukulwane zikaAdamu.

Kodwa kukhona okunye kithi okufakiwe kithi nguNkulunkulu, ngisho impilo entšhwa ekaMoya oNgcwele. Kusukela kulolusuku, mhla kwamenyezelwa phezu kwethu ngesinqumo sikaNkulunkulu embhapathizweni egameni likaYise neNdodana noMoya oNgcwele ukuthi singabakhululiwe emthethweni siyahamba sisekuphileni kwenkululeko kuye uMoya oNgcwele, sithela isithelo sikaMoya esiphawulwa nguPawulu kwenye indawo ngokuthi siluthando, intokozo, ukuthula, ukubekezela, ubumnene, ukuzithiba. Awukho umthetho olahla lokhu okuhle. Kuyizithelo esihlahleni esihle sokukholwa nguJesu Kristu.

Sekuyangena inkinga. Ukuphila esikuphilayo ngokukholwa nguKristu, kunguphila phakathi kwakho lokhu okubili, ngisho inyama nomoya. Umoya uyimpilo edaliwe kithi nguMoya oNgcwele osibumbayo ukuba sibe nomqondo munye noKristu. Sithande okuthandwayo nguye, kodwa inyama yethu esahlezi kithi isonakalisiwe ngesono, ize iqedwe ngokufa. Inyama ibuthakathaka, iyona njalo.

Ukonakala kuyanda kabi, uma isono sihlangana nomthetho, uma inyama yethu iqhutshwa ngumthetho. Ngenxa yalokhu nomthetho kaNkulunkulu awukwazi ukulungisa lutho empilweni yethu. Kwenzeka ukuba osole abantu ngemiyalelo kaNkulunkulu emini nasebusuku, kodwa abayikuyeka ukona. Kunalokhu bazofunda ukuthatha izindlela ezintsha zokuzikhombisa ukuthi bayizoni. UPawulu engumfundi wabaFarisi wakhumbula imithetho ayifundile kubo otisha bakhe. Bamfundisile ukuba afunde ukugcina umthetho, yonke imithetho eminingi yabaFarisi ukuthi iyeqwa kanjani, iyagcwaliswa kanjani ukuba athokozise uNkulunkulu. Wathi: Uyaphumelela ukwenza lokhu kahle. Kodwa mhla efunda ukuthi umyalo okhuluma ngokufisa nokukhanuka, efunda ngomyalo ophawula okwasenhliziyweni ngokugcizelela ukuthi ukufisa nokukhanuka kusho ukuthini ngokwempela, waqonda ukuthi umthetho kaNkulunkulu uyafana nothi lwensimbi olunesihloko sedayimani olulimaza inhliziyo, Jer. 17:1, uyafana nesando esaphula itshe lenhliziyo, Jer. 23:29.

UPawulu wathi kuRom 7:7: "Kepha bengingasazanga isono, uma bekungengomthetho; ngokuba ukufisa bengingakwazanga, uma umthetho ubungashongo ukuthi: Ungafisi!" Lomyalo uyafana ungathi uNkulunkulu uyayala uthi: Ungazamuli! Ukufisa nokuzamula okubili kuyenzeka nje. Noma uyaphumelela ukuyeka ukuzamula, uma evelelwa yikho? Kanjalo umuntu akaphumeleli ukuyeka ukufisa, uma evelelwa ngukufisa.

Isono esinamathele enyameni yethu, siyasebenzisa amathuba onke avelayo ngemiyalelo ethi yenzani lokhu, ningenzi okunye! Siyazikhohlisa ukusiholela ekufeni. Abantu bacabanga ukuthi baphumelela ukugcina imiyalelo, kodwa ngokuzama kakhulu, bangcolisa kunaphambili. Ngemiyalelo kaNkulunkulu isono siyanda. "Ngokuba kwathi seisenyameni, ukuhuheka kwezono okwavela ngomthetho kwasebenza ezithweni zethu ukuthelela ukufa izithelo," Rom. 7:5. Ngomthetho kaNkulunkulu siyambulelwa isono kangaka ukuba siqale ukulahla ithemba, siqonde ukuthi sihlulekile ukuzisindisa. Yikho uNkulunkulu akufunayo ngomthetho ukuba sazi isono sethu. Kuthiwa: "Isono sathola ithuba ngomyalo, sasebenza kimi ukufisa konke; ngokuba ngaphandle komthetho isono sifile. Mina-ke ngake ngahamba ngaphandle komthetho; kepha kwathi ukuba kufike umyalo, savuka isono, ngafa mina; umyalo obungowokuphila wona wafunyanwa ungowokufa kimi, ngokuba isono sithola ithuba ngomyalo, sangikhohlisa, sangibulala ngawo," Rom. 7:8-11.

Kodwa uPawulu uyaqhubeka ngezwi lentshumayelo yanamuhla, uthi: "Ngokuba siyazi ukuthi umthetho ungowomoya; kepha mina ngingowenyama, othengisiwe phansi kwesono. Ngokuba engikwenzayo akusikho lokho engikuthandayo, kodwa lokho engikuzondayo yikho engikwenzayo," Rom. 7:14-15.  Qaphela, akasho ukuthi ngangingowenyama ngingakaqali

ukukholwa, nokuqondiswa yiNkosi, kodwa uthi: Ngingowenyama. Enyameni yethu asingabakaMoya. Ngakho lokhu khohlwa zonke izinkulumo zenkohliso ezikhuluma ngaboMoya ukuba ulalele umoya ophakathi kwethu, uzothola impendulo kuwe, uma uhlolisisa umoya wakho kahle. Inkinga iphakathi kwethu. UPawulu uthi: "Mina ngingowenyama, othengisiwe phansi kwesono."

Kwakukhona impi phakathi kwakhe. UPawulu uthi: Ngithanda ukwenza okuhle. Uyathanda ukwenza okuhle, uyahlosa ukwenza okuhle, kodwa akaphumeleli ukukwenza. Okuhle athanda ukukwenza akakwenzi. Okubi akuzondayo, yikho akukwenzayo. Yena umphostoli uPawulu! Uyachaza uthi: "Akuseyimi engenza lokho, (ubumina bubulewe embhapathizweni), kodwa yisono esihlala kimi." Kusho ukuthi yena akusiso isono, isono singokunye. Nawe uvume kanjalo! Ubhabaphiziwe, ufile maqondana nesono, kodwa uyaphila kuNkulunkulu ngenxa kaKristu. Ungahlupheki ngokwakho, kodwa uhlupheke ngenxa yesono esikuwe. Ngesono, wazi ukuthi awukwazi ukusinqoba ngokwakho.

Ngezwi likaPawulu siyambulelwa imithetho emibili esebenza phakathi kwethu. Umthetho wengqondo entsha ekhanyiselwe nguMoya oNgcwele, ethokozela umthetho kaNkulunkulu, nomthetho wesono osasebenza enyameni yakhe, osayenza ibe isigqila saso. Uyakhuluma ngokushayisana impela phakathi kwamakholwa, ngengqondo nezitho, ngoMoya nenyama. Kuyimpi phakathi kwabo ababhapathiziwe. Ngithanda ukwenza okuhle, kodwa ngiyafumana okubi phakathi kwami. Okokuqala ngokuvama kungokubi. Okubi kuseduze, okuhle kude.

Umphosoli uPawulu uyagcina ngokusho ukuthi: "Wo mina-muntu wosizi!" UPawulu akazinciphisi, akazisho ngokuzidelela nje. Asikwazi ukusiza ngokusho ukuthi: Hawu, Pawulu, ukhohliwe yini ukuthi wenza imisebenzi emikhulu, wasakaza ivangeli, waqala amabandla ezindaweni eziningi, Bheka konke okuhle okwenzayo. Awusiye umuntu wosizi. Thokoza, bheka ohlangothini olukhazimulayo!

Qha-ke, uPawulu uyavuma ukuthi ungumuntu wosizi. Uyaphila ngomzimba wokufa. Kanjalo-ke nawe, nami! Sonke sisemzimbeni wokufa, sicwilisiwe, sifilisiwe esonweni, siqonda ekufeni, nasekuboleni elibeni endaweni ngesikhathi esingakasazi. Kanjalo-ke kuyadingeka kakhulu ukuba sibuze kanye noPawulu ukuthi "Ngubani oyakusikhulula kulomzimba wokufa na?" Kanti asikwazi ukuzikhulula kulengozi. Omunye umelwe ukusikhulula, nokusisindisa. Makubongwe uNkulunkulu ezwini likaNkulunkulu siyathola nempendulo kulemibuzo. Lithi: "Makabongwe uNkulunkulu ngoJesu Kristu iNkosi yethu!

Yiyo impendulo! UJesu Kristu iNkosi yethu, unguye osikhululayo, osisindisayo emzimbeni wethu wokufa ngomzimba wakhe onikelwe ekufeni esiphambanweni. Uyasisindisa emzimbeni

wethu wokufa ngokusibhapathizela, ngokusicwilisa ekufeni naselibeni embhapathizweni wethu. Uyasisindisa emzimbeni wethu wokufa ngokufaka emilonyeni yethu umzimba wakhe oyisinkwa sokuhila, negazi lakhe elingcwele elithululelwe kube ngukuthethelela izono.

Kuphela ungagcina khona ekugcineni kwesahluko sesikhombisa ukuba uqhubeke ngokuqaphelesisa amavesi okuqala esahlukweni sesishiyagalombili, athi: "Kanjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu. Ngokuba umthetho kaMoya wokuphila okuKirstu Jesu ungikhululile emthethweni wesono nowokufa. Ngokuba lokho okwehula umthetho, ngokuba ungenamandla ngenxa yenyama, wakwenza uNkulunkulu ngokuthuma iNdodana yakhe ifana nenyama yesono, nangenxa yesono walahla isono enyameni, ukuze umyalo womthetho ugcweliseke kithina esingahambi ngokwenyama kepha ngokukaMoya," Rom 8:1-4.

Kwamnaje kuyimpi. Kodwa ngezingqondo esenziwe zibe ezintsha nguMoya, siyakhonza emthethweni kaNkulunkulu; ngenyama yethu eyonakalisiwe yisono, siyakhonza emthethweni wesono. Impilo yomuntu oyiKristu injalo emzimbeni wokufa. Kanjalo-ke ikhona kuphela ngomusa ngokukholwa nguJesu Kristu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Baba othandekayo osezulwini, mawusisize ukuba siqonde ukuthi sifile maqondana nesono ngokuphila kuKristu. Mawusisize ukuqhubeka empini yokulwa nokubi ngokusithethelela njalo ngamasu omusa wakho. Siyabonga ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 146/132

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-K. H. Schnackenberg

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.